Click Here & Upgrade
Expanded Features
Unlimited Pages
PDF Complete

Thursday, 30 May 2007
[No. 21/2007] FOURTH SESSION, THIRD LEGISLATURE

KWAZULU-NATAL LEGISLATURE

==========

ORDER PAPER

==========

THURSDAY, 31 MAY 2007

HOUSE: 10H00

1. Silent prayer or meditation, or reading of the prayer in Schedule 2.

2. Obituaries and other ceremonial matters.

3. Announcements by the Speaker.

4. Announcements or reports by the Premier.

5. Tabling of Reports or Papers.

6. Formal motions and notices by the Chief Whip.

7. Notices of Bills or motions.

8. Orders of the day:

   8.1 Debate on Transport Report.
   8.2 Debate on the KZN Peace Act, Repeal Bill.
   8.3 Debate on the DA Motion.

==========

Click Here & Upgrade
Expanded Features
Unlimited Pages
PDF Complete

9. MOTIONS:

9.1 Mr PN Ngcobo, ANC, to move:

LeNdlu iqaphela:

usiko olujwayelekile lweNkatha Freedom Party lokuthi uma inemashi eGoli ishaye kwasabani emgwaqeni kuphathwe nezibhamu zempi emashini;

ukuthi eminyakeni edlule yiyolenhlangano eyathi yona ayitoyitoyi futhi ayimashi. Manje isingomafikizolo abantshontsha amakhabishi notamatisi babadayisi bakithi abazihluphekelayo.

LeNdlu inquma kanje:

ukuthi i-IFP ikhokhe izindleko zamafasitela ezimoto nasezitolo namaselula ababewathatha ngozwane. Phezani masela ndini ningakhohlwa ukukhokhela neTheku izindleko zalo.

9.2 Mr BJ Msomi, UDM, to move:

LeNdlu ibona:

ukuqanjwa kabusha kwemigwaqo nezinye izakhiwo zikaHulumeni kuyinto enhle njengoba kwenzeka edolobheni laseThekwini ngoba kuwukubhalwa komlando wesifundazwe sakithi kabusha;

loluhlelo nokho ludinga ukuphathwa kahle okwezikhali zamaNtungwa hhayi njengoba sibona umkhandlu waseThekwini wenza lapho usebenzisa amandla obuningi beqembu elibusayo kunganaki izikhalo nemibono yamanye amaqembu njengoba

Click Here & Upgrade
Expanded Features
Unlimited Pages
PDF Complete

ecela ukwandiselwa isikhathi ukuze akwazi ukwenza izincomo zawo.

LeNdlu inquma:

ukuthi bekungaba yinto enhle ukuba umkhandlu waseThekwini ungathatha insinqumo seqembu elibusayo ezingeni lobuholi bukazwelonke lapho wathatha khona isinqumo sokuthi loludaba kufanele luphathwe kahle kungabi khona abazizwa becindezelekile.

9.3 Rev. CJ Mtetwa, IFP, to move:

LeNdlu:

izwakalisa ukukhathazeka ngamamashi aqhubekayo ezindaweni ezinjengeKhutsong lapho imiphakathi imasha ngenxa yokuba iphikisana nenqubo kaHulumeni oMkhulu yokuklama kabusha imingcele yoMasipala.

LeNdlu inquma:

ukugqugquzela uHulumeni ukuba alubuyekeze udaba lwemingcele ngoba lunokubeka izwe lakithi engozini yokungabuseki.

9.4 Mr MB Gwala, IFP, to move:

Umhlaka 9 May 1916 usuku olusemqoka eBandleni likaMoya OyiNgcwele (The Church of the Holy Ghost) njengoba iNgelosi eyazibiza ngoNorivael (Raphael) iNgelosi enkulu yohlanga lwabaMnyama yakhuluma noMfunwa Paulos Nzuza kaNofayindlala isesihlahleni soMdoni emfuleni imbozama kwaDukuza ithi makakhe ibandla.

Click Here & Upgrade
Expanded Features
Unlimited Pages
PDF Complete

Ngomhlaka 17 June 1917 esashumayela uMoya oyiNgcwele wacashunwa ekhanda lakhe wehlela kubantu ababelalele abangu 60 ekhulwini nanye. Kwaba ukuqala kwebandla.

Ngo 1959 esephunyuziwe uNkulunkulu loMholi kwangena umthunywa Petros Nzuza uNkulunkulu owashumayela ngaye ngo 1920 kushada uMfunwa nentombi yakwa Ndlovu ukuthi uyozala umfana oyohola ibandla noyobizwa ngeNceku.

LeNdlu yoMbuso:

ihalalisela lelibandla elinekomkhulu (Peaceville Mission) eHammersdale nelisabalele e-Africa yonke ngokuhlanganisa iminyaka engamashumi ayisishiyagalolunye (90 years) ngoJune kulonyaka.

9.5 Mrs BS Mohlaka, IFP, to move:

Ngokwemibiko evela emiphakathini yakuleSifunda, kunokwenzelela lapho kuqashwa abasebenzi esibhedlela saseDundee.

Lokhu kuholela ekuqashweni kwabantu abangenawo amakhono omsebenzi kanye nasesimweni lapho abasebenzi besibhedlela benomoya wokungabanakekeli abadinga usizo.

LeNdlu inquma:

ukukhuthaza uNgqongqoshe wezeMpilo ukuba abhekane ngqo nalezinkinga ngendlela ezokwenelisa imiphakathi yaleSifunda.

Click Here & Upgrade
Expanded Features
Unlimited Pages
PDF Complete

9.6 Mr RE Keys, DA, to move:

Noting:

that the SACP in Gauteng has broken free of the ANC sheckles and has decided to fight the next elections on its own ticket;

This House Resolves:

to call on the SACP in KZN to come clean with the voters and declare their intention to either disband and announce their SACP membership in favour of the ANC or break on the alliance as their colleagues have done in Gauteng and fight the election in their own name.

9.7 Mrs M Ambler-Moore, DA, to move:

Noting:

that this week South Africa is celebrating Child Protection Week in the back ground of the following:

- To implement the National Children's Act a sum of R4,8 billion is required;
- that only R1,7 billion has been allocated – an under funding of R3,1 billion that is 6%;
- that KwaZulu-Natal is under funded by 59,04% (the province of Limpopo being under funded by 91,14%);
- Further noting that in the year 2005/2006 R800,00 million of the National Welfare Budget was unspent;
- The population of orphans in South Africa is growing by 835 children per day – in the next year over 300,000 children will be orphaned.

Click Here & Upgrade
Expanded Features
Unlimited Pages
PDF Complete

This House calls on :

the Central and Provincial Governments to take seriously the care of our children and to implement the Children's Act.

9.8 Inkosi KW Mathaba, IFP, to move:

Ukuba uHlulumeni abheke uzaluzile, lwabasebenzi olushaya imishongolo lufuna ukukhushulelwa amaholo;

LeNdlu iyanquma kanje:

mabanikwe abasebenzi amaholo afanele okukaKhesaru kuKhesaru, ukuze isimo sinqandwe kumbhedukazi ozayo.

9.9 Mr TD Buthelezi, IFP, to move:

Ukuzinikela komkhandlu waseMsinga oholwa iIFP ekuthuthukiseni umphakathi waseMsinga namaphethelo;

LeNdlu inquma:

ukuncoma igalelo lomkhandlu waseMsinga njengoHulumeni okhethwe abantu futhi oletha izingqalasizinda ngokulandela umgomo we IFP wokubeka abantu ekhaleni lentuthuko;

ukuthakasela ukubambisana phakathi komphakathi waseMsinga nowase Mzinyathi ikakhulukazi ekuletheni amanzi endaweni yaseMsinga belandela umgomo we IFP wokuzisiza nokuzimela;

ukugqugquzela uHulumeni weseFundazwe ukuthi bekungakuhle ukuthi izimpawu zika Operation Yebo zibonwe ngamehlo, hayi idili likaMkhipheni elaliseMsinga High.

Click Here & Upgrade
Expanded Features
Unlimited Pages
PDF Complete

9.10 Mr MR Mzobe, IFP, to move:

LeNdlu:

iyasinaka isenzo sikaHulumeni wesiFundazwe sokubukela phansi uMkhandlu walapha eMsinga ngokungena ngodli ezindlini zikaMasipala ukuyobamba umhlangano weKhabhinethi, namhlanje ekuseni, ngaphandle kokuxoxisana neMeya kanye noMkhandlu.

LeNdlu inquma:

ukusigxeka lesisenzo sikaHulumeni weSifundazwe, njengesenzo esononya futhi esibhidliza umoya wokusebenzisana phakathi kwezinhlaka zikaHulumeni, oqukethwe nguMthetho- sisekelo wezwe.

9.11 Dr MJ Mthethwa, IFP, to move:

Njengoba umbiko okhishwe yiKhomishani ebijutshwe nguMnyango weMfundo kuZwelonke ukhombisa ukuthi iNational Curriculum Statement (NCS) iyehluleka ukukhiqiza izingane ezikwazi ukufunda, ukubhala nokubala ezingeni eliphansi lemfundo;

Njengoba futhi ngokwalombiko, lesisimo sidalwa yikuthi othisha kabaziqondi izindlela zokufundisa ezilawulwa yiNational Curriculum Statement.

LeNdlu inquma:

Ukukucacisa ukuthi kusobala ukuthi okudala lesisimo esiyingozi entuthukweni yesizwe sakithi yikwehluleka kwe National Curriculum Statement ukubhekana ngqo nenkinga yemfundo.

Click Here & Upgrade
Expanded Features
Unlimited Pages
PDF Complete

Ukugqugquzela uNgqongqoshe weMfundo kuZwelonke ukuba aphinde ajube izingcwepheshi zemfundo ukuba zilubuyekeze loluhlelo ukuze kutholakale uhlelo oluzobhekana nezingqinamba zalesisikhathi.

9.12 Ms LXH Hlongwa, NADECO, to move:

Ukubonga isibindi sikaNgqongqoshe wezeMfundo uNkosikazi Naledi Pandor ngokubeka ngokusobala ukuthi ubandlululo aluseyiso isivimbelo sokuba iMinyango kaHulumeni ingasebenzi ngokugculisayo;

LeNdlu inquma kanje:

ukukhuthaza oNgqongqoshe bakulesisifundazwe kanye namakhansela ukuba bayeke ukucasha ngobandlululo olungasekho basebenzele abantu ngobuqotho.

9.13 Mr J Krog, DA, to move:

Noting that:

Judge President Vuka Shabalala of KwaZulu-Natal has received shares which at present prices are valued at R6,9 million from Tokyo Sexwale;

Tokyo Sexwale has declared himself as Presidential candidate;

the Judge President will exercise discretionally powers in the Jacob Zuma trial;

Jacob Zuma is a Presidential candidate;

the Judge President of the Western Cape was paid a retainer of R10,000 per month by Oasis; and

Judge Hlophe exercised his discretion in favour of Oasis.

Click Here & Upgrade
Expanded Features
Unlimited Pages
PDF Complete

This House calls on:

the Chief Justice and Judicial Service Commission to protect the independence of the judiciary.

◊¤◊